Thaɓede muni tshaya inkomo lena idunduɓaɓale, injunjutheke ngalololukhalo. Lukantshiwo, ntshiwo muni yena lona. Uyiliphi elezingane. ezincane aɓathi azi aziɓualwe ~~xxxxx xxx~~ ngoɓa zingasile.

a4 Aɓafanyana ɓona ɓaɓelusa amathole. Uma umfana ehluleka ukudlala umudlalo waɓafana naye uɓeɓulala uma kudingeka ukulungisa ukudla. Aɓafana kwakungashiwo izingane lezi osokuthiwa aɓafana namhlanjena. Kushiwo izinsiwana zanamhlanjena. Futhi phela izingane zezikhula impela. Umfana wayefunda ukushaya induku nokusina. Kwakuthi zonke iziga ezenziwa aɓadala ɓazenze nanamhlanjena aɓafana ɓasayifundela induku kumaCunu namaThembu. Nokushaya ikwelo ɓayakufundela nanamhlanjena. Kuye kuthi uma ɓebhukuda ɓaɓaɓelezi izilwanyana ezihlamba kakhulu eziziɓeni. Kuzothi ongakwazi ukushaya ikwelo ɓamuɓeke olimini. Kuzothi uma kuhlala khona olimini kumulume kakhulu impela usezofundaka

5 naye ukushaya ikwelo. Lesilwanya kuthiwa imfunda makwelo. Uma futhi umfana ingakwazi uhlamba waye aye afakwe esiziɓeni esishonayo ayekwe yedwa. Kuzothi uma esecwila esef^una ukulimala ɓamuɓambe aɓakwaziyo ukutshuza phansi ɓakhuphuke naye. ~~xxxxx~~ Lomfana usezolinga naye ngamasu ake yonke imihla ukufunda. Uma engafundi omunye kwesinye isikhathi afele khona emanzini. Kwakungathetwa icala lomfana olimale kudlalwa noma engafa kwakungekho icala. Kwakudlinze izitha zaɓo ngoɓa uma ɓelwa naɓanye aɓafana kwafuneka wonke akwazi ukuhlamba. Noma ugcwele umfula kwakuhlanjwa. AɓasemaCunwini ɓaɓenamadla

6 impela uma kuyohlanjwa. Ongakwazi ukuhlamba wayeyeliselwa ngamaɓomu emfuleni uma kuvelwa koliwa nezitha ngoɓa sasingekho isikhathi sokumusiza. Futhi naye waye engasali ngoɓa wayazi ukuthi iɓutho lakhe lizomɓulala uma esele. Kwakufana nebala kuɓa^fana ɓesikole laɓo aɓalijoyinele ngoɓanaɓo, aɓalifuni igwala. Igwala ɓalwa nalomihla yonke ɓalishaye futhi. Uma

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

umafa elimele ebaleni alikho futhi icala. A6afana 6a6ethi noma 6e6ona inyoka 6angayishiyi noma imamba noma iyiphi inyoka. 6a6eyishaya njenge nyamazane. Uma umfana efele lapho lalingekho icala ngaloko. Uma futhi kade kungcweka walimala omunye kwakunga6inda6a zalutho. A6azali 6akhe 6a6emuthethisa 6amncishe nokudla ngo6a igwala

7 Amantombazane nawo kulezizizwe zombili asalwa njenga6afana njengawo umthetho wakuqala. Nawo ayehlukana ngezigodi. Noma enye intombazane isifuna ukuqoma kufuneka uku6a ilindele elinye i6utho layo. Uma ingakwenzi loku amanye amantombazane azayoyishaya wonke lana ayintanga yayo ayishaye ngasese. Uma ingavumi ukuyeka lomukhu6a ewenzile, asazoyikhipha e6uthweni lawo. Kwesinye isikhathi ayayilimaza impela. Kunjenga ku6o a6afana, na6o 6ayamushaya odumaza i6utho la6o. Uma amantombazane esefuna ukuqoma a6iza amadala ku6e yiwona awaqokela ezesheleni zawo. Uma ukuthi isisheli ezinkulu izintombi azisifuni noma intombi yona

8 isithanda ayinakusiqoma noma kanjani. Amasoka asazokhipha izimali kulezizintombi ezinkulu. Lemali isizodliwa izona 6elu izintombi. Ziqoma kanye kanye njengama6utho azo. Uma enye isisele kontanga isizohlekwa impela ifane nesilima. Nezesheli zizoyesa6a ukuthi yona ihlelileni. Sekuzothi inkosi i6ise icela imali emasokeni alezi izintombi. Uma intombi iqome esigodini yayingeshelwa. Uma intombi engeyase sigodini yayingeshelwa futhi izinsizwa zasesigodini. Zaziyithatha njengosisi kuzona. Nezintombi zizihlonipha izinsizwa zasesigodini. Uma insizwa iqomise intombi eqome esigodini yayihlawuliswa izinsizwa ishaywe futhi ifane n nezitha ngo6a yeshela esigodini.

9 Ihlane lezintombi yilapha ziyotheza noma kukhona umusindo. Izintombi ezisezincane zazingavunyelwe ukuyo6uka zona. Izintombi ezazaqoma zazivunyelwe ukuyo6uka zona. Lezi ezincane zazi6uka eduze nekhaya kuphela. Zazi6uka umushado osesigodini. Intombazane ayephule lomuthetho yayishaywa ezinye. Namhlanjena awusagcuwa kakhulu lomuthetho

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ngo6a sekukhona namakholwa. Kodwa lezi ezingewona amakholwa zisawugcina njengoku6a. Uma intombazane ilale nomfana ikhishwa ngisho endlini ontanga ya6o, i6isi iyoshaywa impela ezinye, nonina wayengenalo igama. Ukuthi intombi yemithi kwakuyinda6a enkulu impela yayisiwa lapha ingathandi khona. Kwakuthiwa ananyala. Kwesinye isikhathi ziyishaye izintombi ngo6a naku isizidumazile yemitha. Uma kusinwa kwakusinwa ngama6utho futhi. Amagagu ayevela ngawo ama6utho okuzala. Namagama ayeqanjwa ngesiga esivele uma kuzalwa la6o 6antwana. Unomvula umakade lina kakhulu impela izulu 6esekuthiwa onomvula. Noma kudliwa inyama a6antu 6ahlala ngama6utho a6o. Na6afana 6azohla ngeziga6a za6o. Uma omunye engena e6uthweni okungesilona elakhe usezoshaywa i6utho lakhe li6uze ukuthi wenzani ngaloko. Na6adala 6alivune i6utho lakhe uma limushaya. Noma sekusinwa esi6ayeni ku6onga sekuzosuka ngama6utho njalo njena. Ama6utho uma eyisana ayaqathwa alwe. Ku6onakale elehlulwayo. Nezinsizwa uma zeyisana ziyaqathwa. Uma omunye welinye i6utho ethuke omunye welinye i6utho sekuzolwa ama6utho ala6a a6axa6ene. Uma kuxa6ene a6antu 6e6utho elilodwa sekuzokhethwa ilanga lelobutho lihlangana li6aqathe na6o. Selizo6ukela-ke lona kuthole kuthi du. Uma omunye esezilanda ukuthi usehlulwe se6ezolanyulwa-ke. Phela woke ama6utho anamagoso awa//. Alikho i6utho elingena Goso I6utho uma ledelela ugoso liye li6eke omunye. IGoso nalo linezinceku zalo. Eyizona zi6ikela igoso zonke izinto ezingalungile. Umthetho kaGoso uyalalelwa.

Mfushane Mvelase. End. S. 323